



**ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZA
IPHEPHA LESITHATHU(P3)
NOVEMBA 2020**

IBANGA-11 NMT

AMAMAKI: 100

ISIKHATHI: AMAHORA ama -2

Leli phepha linamakhasi ayi-7

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU:

ISIQEPHU A: Indaba (50)

ISIQEPHU B; Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (30)

ISIQEPHU C: imibhalo emifishane edlulisa imiyalezo (20)

2. Phendula umbuzo OWODWA esiqeshini NGASINYE
3. Bhala usebenzise ulimi ohlolwa ngalo.
4. Qala umbuzo ngaMUNYE ekhasini ELISHA.
5. Qiniseka ukuthi ubhala uhlaka ngaphambi kokubhala indaba yakho.
6. Uhlaka alube sekhasini lwalo LODWA
7. Uyayalwa ukuba usebenzise isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
ISIQEPHU A : amaminithi angama-60
ISIQEPHU B: amaminithi angama -40
ISIQEPHU C: amaminithi angama -20
8. Ungazishitshi izinombolo zemibuzo, Zibhale njengoba zinjalo ephepheni.
9. Bhala izihlokwana ezifanele lapho zidingeka khona.
10. Ungazibali izihloko lapho usubala inani lamagama omsebenzi wakho.
11. Bhala ngesandla esibonakalayo nangobunono.

ISIQEPHU A: INDABA**UMBUZO 1**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso indaba ibe ngamagama ayi-190 kuya kwangama -240.

QAPHELA; Bhala uhlaka lwendaba yakho lube sekhasini lwalo lodwa.

1.1 Lena Kwaba imfihlo (secret) yami. (50)

1.2 Nginephupho (I have a dream). (50)

1.3 Siyanda isibalo sezingane ezihlala zodwa (Child headed households). (50)

1.4 Lena kwaba yinto engingayithandi empilweni yami (This was a dilemma in my life). (50)

1.5 Mhla ngikhethwa ukuba ngibe ngumholi wabafundi esikoleni(The day I was elected to be a student leader) (50)

1.6 Bukisisa lezi zithombe ezilandelayo bese ukhetha ESISODWA ubhale ngaso indaba uyinike isihloko indaba yakho.

1.6.1 (50)



(sichashunwe www.google.co.za)

1.6.2



(sichashunwe www.safebee.com)

1.6.3

(50)



([www.depression sa.co.za](http://www.depression.sa.co.za))

ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 2**

Khetha isihloko ESISODWA kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama 80 kuya -100.

2.1 INCWADI YOBUNGANI

Umngani wakho ohlala kwelinye izwe uhlela iholidi nomndeni wakhe ukuzovakashela eNingizimu Africa, ube esekubhalela incwadi ecela usizo mayelana nezindawo angazivakashela. (Your friend is planning a holiday to South Africa and He/She wants help of places that He/ she can visit)

Mbhalele incwadi umazise ngezindawo angazivakashela eNingizimu Afrika. (30)

2.2 INKULUMO ELUNGISELELWE

Esikoleni ofunda kusona bekunokhetho lokuqokwa komkhandlu omele abafundi (RCL) ube usuqokelwa isikhundla (you were elected as Chairperson) sokuba usihlalo kulo nyaka, Kuzomele wethule inkulumo elungiselelwe (Prepared Speech) kubafundi ehholo lesikole.

Bhala inkulumo ozoyethulela abafundi. (30)

2.3 UMLANDO NGOMUFI

Umzala (Cousin) wakho ugcine eshonile emva kokugula isikhathi eside (after long battle of illness). Umndeni ukucele ukuba ubhale umlando wakhe ngoba uwenamazi kakhulu kunabanye, lo mlando uzofundwa ngenkonzo yomgcwabo. **(The family has asked you to write obituary).**

Bhala umlando ngo Siphso Johannes Ngcobo. (30)

2.4 INCWADI YOMSEBENZI

Ikhansela le ndawo yangakini (ward councillor) belihlele umhlangano omkhulu (has organised a meeting with prominent business person to educate youth on How to start businesses) lapho osomabhizinisi bebefundisa abantu abasha ngokuziqalela amabhizinisi abo.

Bhala incwadi ubonge ekhanseleni ngolwazi olutholile kulo mhlangano. (30)

AMAMAKI ESIQEPHU B: 30

ISIQEPHU C: IMIBHALO EMIFISHANE EDLULISA IMIYALEZO**UMBUZO 3**

Khetha isihloko ESISODWA ubhale ngaso kube ngamagama angama-60 kuya kwangama-80.

3.1 IKHADI LESIMEMO

Isikole ofunda kuso simeme (Invited) usaziwayo kwezokulingisa (Prominent Actor) ukuthi azovula ngokusemthwethweni ibhilidi leze midlalo (for official opening of a new Sport Arena) Wena ungomunye abasekomidini (you are part of the organising committee)

Bhala ikhadi lesimemo ozomema ngalo izihambeli zalo mcimbi.

(20)

3.2 IDAYARI

Umndeni wakho uhlele uhambo oluya phesheya kwezilwandle niyozijabulisa.

Bhala idayari yezinsuku ezinhlanu zamalungiselelo (preparations before you leave) ngaphambi kokuba nihambe.

(20)

3.3 UMYALELO

Bhala imiyalelo elishumi (ten instructions) ngokuthi ungazigcina kanjani izincwadi zesikole zisesimweni esihle. (How to keep your textbooks in good condition)

(20)

AMAMAKI ESIQEPHU C: 20

AMAMAKI ESEWONKE: 100